# *Wenzani Lapha Na?*

Siyabonga, Mfowethu Neville. Njengoba ngishilo, kulokhu ukusa, kuhlale kukuhle ukuza endlini yeNkosi.

2 Ngithe ukuba nomcabango ukubiza amakhosazana amancanyana lapha, kulobubusuku, ukuba acule iculo engalizwa ilicula endlini yami, ngolunye usuku. Ngikholwa ukuthi sisenaso isikhathi salo, uma engekho emuva kakhulu. Nkosazana Jefferies, ucabangani ngalokho, leloculo elincane owalicula ngapho? Ngiyangena futhi ngalizwa liculwa, futhi ngalithanda kahle kakhulu. Futhi ngithemba ukuthi angikuhlazi, ukukucela ukuba ulicule futhi. *Ngitshele iGama laKhe*, noma into enjengaleyo. Ngabe yilelo na? Ngingathanda ukulizwa futhi. Ngiyazi nizolithokozela nonke.

3 [Akuqoshwanga eteyipini. UDadewethu Jefferies ucula elithi *Ngitshele iGama laKhe Futhi*—Umhl.]

4 O, ngiyalithanda nje lelo! Ngithanda iGama laKhe. Niyazi ukuthi yini engenze ngacabanga lelo, ukuthi ngibe nalelo nenekazi elincane ukuba lilicule na? Lingushomi omncane wentombazanyana yami, uRebekah. Futhi ngangibuyile, ngokunye ukusa, ngenza into ethize ekamelweni, futhi ngezwa lelo licula. Futhi ngacabanga, "Awu, ngizolicela ukuba lilicule lelo enkonzweni ngesinye isikhathi."

5 Emgwaqeni ezansi, ngathatha abantwana beya esikoleni, futhi ngakhuluma nalo ngokucula. Lase lithi, "Ngisanda kuvuka . . ." Ngingahle ngingawalandelanisi amagama. Kodwa lathi, "Ngavuka ngobunye ubusuku, noma, futhi ngangisembhedeni, futhi ngangicabanga ngaleloculo, futhi ngathola ukubusiseka okukhulu!"

6 Awu, ngacabanga, "Lokho kuvelele, entombazaneni eyinjejane, ukuba ikhulume ngoMoya oNgcwele ubabusisa, ikakhulukazi kulomphakathi, kulelidolobha." Sidinga amanye amantombazane ayinjejane njengaleyo. Siyawadinga.

7 Lena enye intombazanyana esanda kucula nje, futhi, lapha, imizuzu embalwa edlule. Angilazi igama layo, kodwa ngithokozela labo bantwanyana, amantombazane amancane ayinjejane, ecula. Niyazi, indlela esihamba ngayo yenza isibonelo kwabanye na? Ngempela kunjalo.

8 Indatshana endala yeminyaka ethile eseyadlula, eNgilandi, kwakunendoda. Yayicabanga ukuthi izophuma futhi ibe nesiphuzo esincane nabangani ngesikhathi sikaKhisimusi, nje okwenhlanganyelo. Futhi yaphuma phakathi komakhelwane bayo futhi yayeshitshanisa ngezipho, futhi wonke umuntu wayethi kuyo, "Manje, John, thatha isiphuzo nje salokhu." Futhi

ukuqhabula okuncane *lapha* nokuqhabula okuncane *laphaya*, futhi yadakwa kakhulu.

9 Futhi endleleni yayo iya ekhaya, kwabakhona iqhwa, cishe ama-intshi ayisithupha. Futhi—futhi umfanyana wayo omncane wayeyilandela. Ayikwazanga ukumphatha; yayidakwe kakhulu. Futhi yayisendleleni eya ekhaya, futhi yenzeka ukuba iphenduke yase iqaphela umfanyana wayo ecishe ebhuquza eqhweni. Yayisithi, "Ndodana, kungani ubhuquza eqhweni na?"

10 Wathi, "Baba, ngizama ukulandela izinyathelo zakho." Yabe isiqukula umfana omncane ezingalweni zayo, yayisithi, "Nkulunkulu, kusukela kulolusuku kuqhubeke, angisoze ngathatha olunye uphuzo."

11 Omunye umuntu uzolandela izinyathelo zakho. Asihambe lowo mugqa oqondile, kusukela embhedeni wengane kuya eKalvari. Yilezo izinyathelo; asibe nazo ukuba sihambe singene.

12 Manje, ngiyazi ukuthi kulobubusuku ubusuku besidlo. Futhi ngizoba nje nesikhathi esifushane sokukhuluma nani eZwini. Futhi ngi—ngithanda ukukhuluma ngaYe, ngoba Uphila ngempela kimi.

13 Ngangifunda udatshana oluncane esikhathini esithile esedlule, ngicabanga emuva kumantombazane futhi. Kwenzeka ngaphandle eNtshonalanga. Kwakukhona ukuklabakasa okukodwa, ubusuku obunesiphepho, nemimoya emikhulu phezulu. Futhi kwakukhona abantu abathile ababenomhlangano womkhuleko. Futhi lowo owayehola umhlangano womkhuleko kwakuyinenekazi elincane elikhangayo kakhulu. Lingacabangi ngengozi elalingaba kuyo, kodwa lalihlala kokufana nekhona ngaphesheya kwedolobha elincane. Futhi ngokuvamile ezitaladini kwakunabantu abaningi ngaleso sikhathi sobusuku. Lapho umhlangano womkhuleko usuvaliwe, amaculo abo ayebhekiswe eNkosini, nezinhliziyo zabo zazijabulile. Futhi ngiyacabanga, konke, bazizwa njengoba uMfowethu Beeler enza ngesikhathi esedlule ngenkathi efakaza. Ejabule kakhulu nje, babengakwazi ukubamba injabulo, futhi nje babedingeka bakugingqe ngenye indlela. Ngemva kokuba u "amen" wokugcina usushiwo, bonke bahamba baya emakhaya abo.

14 Futhi elincane, inenekazi eliselincane, lathatha ijazi lalo, lase livusa isiphika, lase liliqhebeza ngaphezulu ngaphambi kwalo, laqala lehla ngestaladi. Futhi lathola ukuthi ubusuku obubandayo bugijimise wonke umuntu wangena endaweni yakhe yokubasela. Futhi lazithola lilodwa ezitaladini. Futhi kubonakala sengathi ingozi iqala ukumlandela.

15 Niyazi, ngijabula kakhulu ukuthi uMoya oNgcwele ungasixwayisa ngezinto ezizayo; ukubalekela lezo zingozi.

16 Futhi lalingakaze licabange ngokwesaba. Futhi nje laqala ukucula lelo culo elidala: *Qhabo, Angingedwa*. Futhi lapho

liqhubeka ngapesheya kwedolobha, kwakubonakala sengathi akekho ozolikhathaza, kodwa khona manjalo nakho kuvuka ukwesaba okukhulu futhi. Futhi kwenzeka ukuba libuke, okumi eduze, futhi nakho kwakumi indoda ebukeka isabeka kakhulu, iligqolozele, ibambe izingalo zayo zaphuma *kanje*, iza ngakulo.

17 Ayikho indlela yokubaleka. Futhi indatshana yangempela. Ngakho lalingenakugijima; wayezolibamba. Kwakunento eyodwa kuphela elifanele liyenze. Lalingekwazi ukukhala kakhulu. Imimoya yayivunguza ngamandla kakhulu, icishe iphakamise umzimba wayo usuke estaladini. Lalingeke lenza noma ubani ezwe. Neqhwa nje liliphuphuthekisa.

18 Futhi kunento eyodwa kuphela ukuyenza, lokho kwakungukukhuleka. Ngakho liyaqala, ngaphansi kwezwi lalo, linyenyeza umkhuleko kuNkulunkulu. Lase lithi, lalingazi ukuthi kuvelaphi, kodwa, khona manjalo, ngasohlangothini lomnyango, kwakumi inja enkulu kakhulu. Futhi yayivuse umhlwenga wayo, futhi yaphuma yaya ohlangothini lwalo, futhi yeza ohlangothini indoda eyayizoba kulo, futhi yaqala ukuhhonga ngolaka olukhulu, lapha idlula ngasendodeni. Futhi ngokushesha nje lapho indoda isiqhubeke yehla ngestaladi, inja yajika yabuyela emuva yase ilala phansi emnyango.

19 UNkulunkulu uzomnakekela owaKhe uQobo. UNkulunkulu, ngezinye izikhathi, Usebenza ngisho nangenja noma isilwane, noma ngenye indlela, ukukhombisa inkazimulo yaKhe nokuvikela kwaKhe. Ngijabula kakhulu ukuthi ngiyaMazi ekuthethelelweni kwezono zami, futhi nginesiqiniseko sokuthi izono zami zingaphansi kweGazi, njengoba ngizivuma nsuku zonke kuYe.

20 Kulokhu ukusa, eMlayezweni, bengingahle ngibonakale ngiklabha kancane noma ngiluhlaza kancane, kodwa kungesiyo indikimba enkulu kakhulu ye—yenkonzo yokuphulukisa. Kodwa ngiphile isikhathi eside ngokwanele ukwazi lokhu, Mfowethu Tony, uma umuntu ezokwenza nje njengoba ezizwela sengathi uyaholeleka ukukwenza, uNkulunkulu unakekele konke okunye kwakho, ngendlela enhle. Isikhathi sokuqala okwake kwenzeka kanjalo, lapha. Ngokuvamile sinikezela ngamakhadi omkhuleko, futhi simise abantu. Kodwa uMoya oNgcwele wangenza ukuba ngibuze ukuthi zingaki izivakashi ezazisesakhiweni, okwakuzokufaka konke ngokuphelele. Bese kuthi-ke Wabazisa izifo zabo. Futhi i. . . futhi kwamemezela ukuphulukiswa kwabo nokunye nokunye. Kuvele nje kubonise, ukuthi, "Ukulalela kungcono kunomhlatshelo, kuya e. . . namafutha ezinqama."

21 Ngakho, kulobubusuku, ngikhethe umBhalo omncane lapha okwemizuzwana embalwa, ukuba ngikhulume. Futhi ngaphambi kokuba senze lokho, masikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

22 Nkosi, Wena unguNkulunkulu, kuze kube phakade. Futhi siyabonga futhi siyaKudumisa ngenhlanhla esinayo, yokuza phambi kwaKho, ngendlela yomkhuleko. Sazi lokhu, kuqala, ukuthi kwethenjisiwe kithi, ukuthi, "Uma ucela noma yini eGameni laMi, Ngizolwenza." Futhi sinesiqiniseko ukuthi Uzopha isicelo sethu.

23 Futhi sekubekhona okuningi kakhulu okwenziwe, kulobubusuku, ukuthi sinomuzwa wokuthi uma sifanele nje sivale inkonzo futhi siye ekhaya, singathi, "Bekukuhle ukuba lapha." Ukuzwa lamaculo aseZiyoni, aculwe ezethamelini! Ukuzwa abantu lapho bekhipha amaphimbo abo ngomkhuleko, nasemizindlweni, nasemahubweni! Njengoba umBhalo uthi, "Ukwenza ukwethaba enhliziyweni yakho, ucula amaculo okomoya." Ukuzwa lamantombazane amancane ayinjejane! Kulelihora elimnyama, njengoba kuzwakalisiwe kulobubusuku ngoMfowethu Beeler, esiphila kulo, nokuzwa becula amaculo aseZiyoni! Ukuzwa ukuzwakalisa kukaMfowethu Beeler kuWe, indlela aKuthakasele ngayo, nalokho Okwenzile, nokuthi Umkhubaze kanjani, ukumvumela ukuba aqonde ukuthi yini abengayenza ngaphandle kwaleyongalo manje. Kuvele nje kubonise ukuthi sivikelekile ngomusa waKho namandla.

24 Sonke masinake, kulobubusuku, Nkosi. Ngokuba, ngikholwa ukuthi sekuyisikhathi sethu sokuba sithathe ukuhlola, isikhathi sokuhlola, ngoba asazi ukuthi siyoba yini isikhathi sokuphuma. Kungahle kube leyithi kunoma sicabanga. Ngakho asicabange izindlela zethu, kulobubusuku, nemicabango yethu.

25 Futhi sikhulekela ukuthi Uzokhuluma kithi okwemizuzwana embalwa eZwini, bese usibusisa enkonzweni yesidlo emva kwalokho. Njengoba sithatha izingxenye ezephukile zalesisinkwa sekosha, newayini, elimelele umzimba waKho ophukile neGazi elichithekile, ukwenzela ukuthethelelwa kwezono zethu.

26 Umelusi wethu othandeka kakhulu, kulobubusuku, ubengazizwa ekahle kakhulu. Kodwa, engxoxiswaneni yethu yocingo, ukubeke e-altare. Nginesiqiniseko ukuthi Uzokwemukela, Nkosi. Futhi ngiphinde ngimnikelela umkhuleko, ngoba siyamthanda futhi siyamdinga. Sikhulekela yena nomndeni wakhe, nawo wonke umndeni okhona lapha, nangazozonke izicelo ezikhulunyiwe kulobubusuku, nokuthula, futhi.

27 Sibusise ngokuqhubekayo emihlanganweni. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

28 Ngifuna ukufunda nje ingxenye encane yemiBhalo lapha, etholakala kumaKhosi okuQala 19, futhi siqala evesini 9.

*Wangena khona emgedeni, walala khona; futhi, bheka, kwafika* kuye *izwi leNKOSI, futhi*...*wathi kuye, Wenzani lapha, Eliya na?*

*Futhi wathi, bengi*shisekele, noma *ngishisekele iNKOSI uNkulunkulu wamabandla:* futhi *ngokuba abantwana* bakhe *bakwa-Israyeli balahlile isivumelwano sakho, badilizile ama-altare akho, babulele abaprofethi bakho ngenkemba; futhi mina, kusele mina, mina* ngedwa*; sebefuna impilo yami, ukuba bayisuse*...

*Futhi wathi, Phuma, ume entabeni phambi kweNKOSI. Futhi, bheka, iNKOSI Yadlula,* isivunguvungu e*sikhulu* sahamba futhi *sadabula* intaba*, saphahlaza amadwala phambi kweNKOSI; kepha iNKOSI yayingekho emoyeni: emva komoya kwazamazama umhlaba; kepha iNKOSI yayingekho ekuzamazameni komhlaba:*

*Futhi emva kokuzamazama komhlaba*...*umlilo; kepha iNKOSI yayingekho emlilweni: emva komlilo yiphimbo elincane elihashazayo.*

*Futhi kwaba njalo, u-Eliya esezwile lokho, wagubuzela ubuso bakhe ngengubo yakhe, waphuma, wema* ekungeneleni *komhume. Futhi, bheka, kwafika kuye izwi, lathi, Wenzani lapha, Eliya na?*

29 Ngifuna ukuthatha okwendikimba, okwemizuzwana embalwa: *Wenzani Lapha Na?*

30 U-Eliya wayekade enosuku olunzima. Wayekade eseNtabeni iKarmeli, futhi wayekade ebone inkazimulo yeNkosi yehla phansi. Wayekade ekhulekele ukuba umlilo uphume emazulwini, futhi—futhi wase ekhulekela imvula ukuba yehlele phezu komhlaba. Futhi ngaphansi kwakho konke lobu bunzima, imizwa yakhe yayisicishe yephuke. O, ngimzwela kanjani pho!

31 Futhi lapha simthola, okokuqala, eshumayela esizweni esihlubukile sabantu. NakuJezebeli owayefuna indlela yakhe. Futhi abantu babefike endaweni ukuthi babeshiye uNkulunkulu, bashiya zonke izithembiso zaKhe kanye nayo yonke imiyalo yaKhe, futhi bengasazigcini izimiso zaKhe, futhi bengasaMnakekeli ngalutho. No-Eliya, phakathi kwabo bonke, wayengenakuxegisa. Wayedingeka ame ngeqiniso ezinkolelweni zakhe. O, lokho kubonakaliswa kanjani kulolu suku!

32 Futhi babenendlovukazi lapho, egama linguJezebeli. Futhi wayedukise bonke abantwana bakwa-Israyeli, ngendlela yakhe yokuphila emnandi yesimanje manje. Wabangela ukuba bahlobonge nokuba benze izinto ezimbi. Uma lokho kungesikho ukuzifanisa okuhle namhlanje!

33 Kodwa, u-Eliya, phakathi kwakho konke...Nokho, iningi labantwana bakwa-Israyeli, izinkulungwane zabo, babexegisile, futhi bafuna ukuphila impilo edumile yesimanje

manje. Nokho, u-Eliya wayengaxegisi. Watshela u-Jezebeli indawo yakhe nokuthi ufanele enze njani. O, wamzonda lowo mprofethi. Kodwa, ngokufanayo nje, wayengeke amvuma, kodwa wayengumelusi wakhe.

34 O, kunezikhathi eziningi abangafuni ukukuvuma, kepha indoda ethunywe nguNkulunkulu emphakathini ingumelusi emphakathini wonke, noma ngabe iyiBaptisti, iPresbyterian, noma ingubani. UNkulunkulu ugcoba indoda yaKhe, futhi ingeke ixegise. Futhi abantu ngezinye izikhathi bayayizonda, ngenxa yokuthi imela iQiniso, kodwa nokho ingumelusi kaNkulunkulu wehora.

35 O, wamdelela. Wayengenza noma yini ayengayenza ukuze ambulale, kodwa nokho wayeneqiniso ezimisweni zikaNkulunkulu nemigomo kaNkulunkulu. Amaphathi akhe esimanje manje nezinhlaliswano, nokupenda kwakhe ubuso bakhe, nokugqoka izingubo zakhe, kwakungcolise leso sizwe. No-Eliya omdala wayengelula. Wamtshela khona lapho ayemi khona.

36 UNkulunkulu usithumelela abanye oEliya ngalolusuku, abangeke baxegise ngesono; umuntu-mumbe ozoshumayela iQiniso, kungakhathaleki ukuthi libuhlungu kanjani. UNkulunkulu usenezinceku kuyo yonke imiphakathi, ezingeke zixegise ngezinto zezwe.

37 U-Eliya wayengawuthandi umkhuba wesimanje manje wezinto, ngakho wama eneqiniso kuNkulunkulu. Futhi elamanqamu lafika. Nelamanqamu selibuyile futhi.

38 No-Eliya, phezu kweNtaba iKarmeli, ngenkathi becabanga ukuthi zonke izinsuku zezimangaliso zase zedlule, futhi kwakungeke kube khona enye into efana nezimangaliso, kwakunendoda eyodwa eyakholwa kuzo. Yayisithi, “Yenyusani bonke abaprofethi benu. Benyusele phezulu lapha entabeni, futhi masifakazise futhi sibone ukuthi ungubani uNkulunkulu.” Ngiyawuthanda lowomBhalo.

39 O, uma kwake kwabakhona isikhathi, endaweni, ukuthi aMandla kaNkulunkulu eqiniso ebefanele abonakaliswe, kunamhlanje. Ake sifakazise ukuthi uyini uNkulunkulu.

40 Uma imfundo iyindlela yokuphuma enkululekweni, kungani ingenzi na? Uma ukuma kwezenhlaliswano, nokunye nokunye, kuyindlela yokuphuma, kungani kungenzi na? Uma ukukhokhela ezinye izizwe ukuba zibe ngoshomi bethu . . . Futhi sithola ukuthi zisiphendulela izithende, ngokushesha nje ezingakwazi ukukwenza. Futhi awukwazi ukuthenga ubungane ngemali. Ubungani yisipho sikaNkulunkulu. Uma amabandla amakhulu nabafundisi abakhulu beyindlela yokuphuma, kungani singenaye uNkulunkulu omningi emiphakathini yethu na? Kungani sisekuhlehleni njalo njalo na? Uma uhlelo lwezemfundo, nepulpiti eliqeqeshwe kahle, nekwaya

eliqeqeshwe kahle, futhi njalo njalo siya phambili siqhela kakhulu kuNkulunkulu, ngaso sonke isikhathi, ngakho-ke ngeke kwasebenza.

41 Yenzeni isayensi na? Isayensi, wena uthi, "Isikhathi sizofika lapho isayensi ingenza *lokhu* futhi *yenze* lokho." Senzeni na? Basilethe endaweni kuze kuthi babhubhisa umhlaba wonke. Benzani na? Bahlakaza umhlaba esikhundleni sokuwenza ngcono.

42 Kungekudala, lapho uKaputeni Al Farrar we-FBI, phezu kwezinxenye ezisencane ze-United States, wangingenisa ehhovisi lakhe; emva kokuba ngangimholele kuKristu, ezansi emhubheni wokudubulela. Wathi, "Mfowethu Branham, ngiyiBaptisti. Ngiyezwa ukuthi wawungumBaptisti."

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

43 Wathi, "Kodwa angizange ngithole lowoMoya oNgcwele okhuluma ngawo." Wathi, "Ucabanga ukuthi Ungaba ngowami na?"

Ngathi, "Yebo, mnumzane."

44 Wathi, "Awu, ngizo-oda ikamelo elihle ndawo ndawo kwelinye igumbi elihle lehhotela. Futhi ngithathe wena nawi siye phezulu lapho, futhi mhlawumbe Uzofika egumbini lasehhotela futhi angigcwalise ngoMoya waKhe."

Ngathi, "Awudingeki ukuba ube ne ho-. . .ufanele ube nekamelo lasehhotela."

Wathi, "Awu, Uzohlangana nami kuphi na?"

Ngathi, "Khona lapha."

45 Wathi, "Ubengeke eze kulomhubhe, Ubengenza, umhubhe wokudubulela emkhumbini wempi lapha na?"

46 Ngathi, "Wangena esiswini somkhombe ngoyedwa; esithandweni somlilo ngomunye. Uzohlangana nawe kunoma yimiphi imihlabathi oyohlangana naYe kuwo." Impela. UNkulunkulu ufuna ukuhlangana nawe. Ufuna ukukuxoxisana nawe. Uzofika lapho ukhona.

47 Manje, uJezebeli wayengcolise izwe. Nemizwa ka-Eliya yayisebunzimeni, futhi wayekade enze izimangaliso ezinkulu futhi wenza izibonakaliso phezu kwegquma, ukufakazisa ukuthi uNkulunkulu wayeselokhu enguNkulunkulu, futhi engaphendula endleleni ngesimangaliso. Futhi kwalethani, imiphumela na? Ukusongelwa kwempilo yakhe. Kwaletha ini esikhundleni semvuselelo yomhlaba jikelele na? Kwaletha ukusongelwa empilweni yakhe.

48 UJezebeli, lapho u-Ahabi emtshela lezi zinto, wathi, "Kwangathi onkulunkulu bangenza kimi, futhi ngaphezulu, futhi, uma nginganqumi ikhanda lakhe ngalesisikhathi kusasa ebusuku."

49 Futhi u-Eliya owayezama, ngenhliziyo ekuye, kaNkulunkulu, ezama ukukhombisa abantu ukuthi uNkulunkulu wayeselokhu enguNkulunkulu. Futhi kwabuyela kuye. Futhi wabalekela ehlane lapho esekuzwile. Futhi lapho walala ngaphansi kwesihlahla somjunipha, ezama ukuthola induduzo. Waye—wayethume inceku yakhe, futhi yamshiya.

50 Manje, indatshana yethu iya ezindaweni ezintathu ezihlukene. Enye, iNtaba iKarmeli; elandelayo, ngaphansi kwesihlahla somjunipha; nendawo yesithathu uNkulunkulu uhlangana naye, usemgedeni.

51 Futhi kwethusa kakhulu. Umelusi lapha uyazi, kanye nabanye abefundisi. Bhekisisa, emva kweNtaba iKarmeli, uzoba nesihlahla somjunipha. Noma yinini lapho umuntu enesibusiso, naMandla kaNkulunkulu ethululelwa phansi futhi akwenzele okuthize, bheka, uSathane usemzileni. Khumbula nje, usuku olulandelayo, ngalowoMsombuluko emva kosuku oluhle ngeSonto, kuzoba yinto enzima, ngoba uzokwenza konke angakwazi ukuba ashaye lokho kuzethemba kuphume kuwe, ukuthi uMoya oNgcwele owangenisa kuwe kuthangi.

Ngakho-ke, u-Eliya wayekade enosuku olukhulu. Futhi unokwethuka, noma kunjalo.

52 Bonke abaprofethi banjalo . . . babizwa ngosangene. UJesu Kristu wabizwa ngosangene. Bonke abaphostoli babizwa ngosanganayo, ngumphakathi, ngoba inkonzo yabo yayingaphezu kwemvelo kakhulu kwaze kwathi abantu bacabanga ukuthi babesangene. Wonke umuntu ophila ngokwesaba uNkulunkulu kuKristu uJesu uzohlushwa. Uba ngumuntu ohlukile.

53 Njengoba uMfowethu Beeler washo ngesibonakaliso sakhe ngemuva, uzalwa ngokusha. Uba yisidalwa esisha kuKristu. Izinto ezindala zidlulile. Izinto zokwenyama zomhlaba azisakubambile, futhi awusazibambile, uma sewedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.

54 Lapho uNkulunkulu ebamba umuntu, into yokuqala Ayenzayo ebandleni ukuyiletha isuka kokwezwe iye ebungcweleni, futhi Uyiletha isuka ekufeni iya ekuPhileni. Izalwa kabusha. Yinto entsha. Imibono yayo misha. Esikudingayo imvuselelo enjalo, namhlanje. Kuyiqiniso impela. O, sibe nokujula kukaMoya. Sibe nezibusiso zokomoya nokuphakama kokomoya, kodwa asisakudingi lokho. Sidinga imvuselelo kaMoya kaNkulunkulu ophilayo, ezinhliziyweni zabantu. Asidingi ukucwiliswa okuningi kukaMoya, noma ukuvuswa kukamoya. Sidinga imvuselelo, lokho ngukuthi, ivuselele lokho esinakho. Hhayi ukuvuswa kukamoya; ngezinye izikhathi lokho kubangela izixuku ezixubene. Kodwa sidinga imvuselelo ezosefa phansi, inyakazise phansi, futhi ezonquma zonke izinto.

55 Njengokuma ngasogwini lolwandle. Ngangikhuluma nabanye abazalwane ePuerto Rico emavikini ambalwa adlule. Ukuthi, ngenkathi ngibona ulwandle olukhulu, nesivunguvungu esikhulu, amagagasi ayephakeme kunaletabernakele. Futhi ngathi, "Uyazi ukuthini? Akunaconsi elilodwa lamanzi kulo kunalapho lizole ngokuphelele. Kodwa, yini eyenza lokho kuphehla nokugxuma, futhi kusho ukuthini na? Kuphonsa wonke udoti uphume kulo, phezu kosebe."

56 Yilokho iBandla elikudingayo, yimvuselelo, ukuzamazamisa kuphume kuLo konke okwezwe nezinto zezwe, futhi ibuyisele ubumsulwa nobungcwele bukaNkulunkulu, ezinhliziyweni zamakholwa aWo, ukuthobeka.

57 Kungani, amadoda, ukuba izivumelanise yona uqobo, abayitholi imvuselelo kanye ngesikhathi, emoyeni wabo, baba ngokwenyama kakhulu futhi bangabi nandaba, baze bathole ukuzazisa, bebestashi, bazenze balunge. Bayafunda futhi batadishe, futhi lokho kuhle, kodwa lokho akusikho esikhuluma ngakho. Wazi okuningi ngeZwi. Kuhle ukwazi iZwi, kodwa kungcono ukwazi uMqambi weZwi. Niyabo? LeyoNto ethize encane oyishiya ngaphandle, leyoNto ethize esenhliziyweni ekwenza ube yilokho oyikho, yileyonto-ke.

58 Futhi ngiyanitshela, u-Elisha, nemizwa yakhe isencupheni, empeleni. Ngangihlale njalo ngimzwela. Imizwa yakhe yase ilungele ukuphuka, empeleni, futhi lokho kugxoba okukhulu okuvela kuJezebeli kwaqeda unhlangothi. Wabe esegijima, wangena ehlane wase elala ngaphansi kwesihlahla somjunipha.

59 O, leso sehlakalo sesihlahla somjunipha! Kunabaningi bethu esizithola singaphansi kwesihlahla somjunipha. Ngizithola mina uqobo ngingaphansi lapho, izikhathi eziningi, endaweni ongazi ukuthi yini ofanele uyenze. Uxakanisekile. Ngokusobala, ngingaphansi kwaso ngqo manje, futhi ngiyazibuza, "O Nkulunkulu, Ufuna ngenzeni na?"

60 Niyazi, abantu abangaphansi kwesihlahla somjunipha ufana no-Eliya, bathanda ukulala. Ngi—ngishumayela kubantu abakhathele kunanoma ubani ezweni. Abantu bakhathele kakhulu. Ba—ba—ba—bakhandleke kakhulu ngokwengqondo baze bagcwalise izikhungo sabagula ngengqondo nezibhedlela, ndawo zonke. Baye esimweni esinjalo semizwa baze bengazi ukuthi bakholwa yini, nokuthi bafunani. Balele lapho nje. Abazi ukuthi bafanele benzeni. O, kungukubona okudabukisa kakhulu.

61 Lalela lapha, mfowethu. Ungeke ukuphuze ukuqede. Ungeke ukumemeze ukususe. Noma udlale amakhadi kuze kufiphale. Futhi ungathatha izithongwana eziyizinkulungwane futhi uzame ukulala ukususe, futhi ungeke ukwenze. Onke amakhambi ethu amancane, into kuphela ayenzayo ukusiza izimpawu zesifo. Sifanele sibe neselapho sesifo. Sifanele

sibe ne. . .Bonke odokotela babagula ngengqondo ezweni ngeke bakulaphe. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kathathu—Umhl.] Kusiza kuphela izimpawu zesifo. Iselapho siseGazini likaJesu Kristu. Hhayi ukuphumula ogwini lolwandle. Hhayi ukuthola iculo, ikwaya ukuba icule amaculo. Yilokho esizama ukukwenza, namhlanje, ukukucula kusuke.

62 "O, sizozenza njengo-Jones." Futhi si—sizama ukwenza okuthize okuhlukile, sizama ukufundisa sikukhiphe. Kunendlela eyodwa kuphela yokukwenza, okungukuthi, bhekana namaqiniso. Kunjalo. [UMfowethu Branham ungqongqotha epulpiti kabili—Umhl.] O, uma ucasukile futhi uxakanisekile, ungalijoyini ibandla. Woza kuKristu. Yilona khambi kuphela. Ungasebenzisi futhi uphenye ikhasi elisha. Thola nje iMpilo entsha. UKristu uyimpendulo.

63 Nango elele, ngaphansi kwesihlahla somjunipha. Wayengazi ukuthi enzeni. Imizwa yakhe yayiphukile. Wayeqhaqhazela. Wayekhala, akungabazeki. Futhi wayesesimweni esibi kakhulu.

64 Abaningi bethu bashaya lezo zindawo, ikakhulukazi ngemva kwesehlakalo saseNtabeni iKarmeli. Kwabuzwa ngami, ngelinye ilanga, ngothile, ngalokho. Nokuthi kanjani lokho. . . Yini ebesiyoyenza. . .Yini engakwenza, thina, yenziwe na? Yini engenzelwa thina ngaleso sikhathi na? Kunento eyodwa kuphela ofanele uyenze: ngukuzinikela kuNkulunkulu. Manje, ngiyazi ukuthi umuntu angazikhandla ngokweqile, nomuntu angangazikhandla ngokwenele, indoda.

65 UNkulunkulu wayazi ukuthi lendoda idinga ukondliwa. Yayidinga ezokudla. Futhi ngaphansi kwalendawo lapha, lapho ayelele khona, uNkulunkulu wayedingeka amenzele okuthize.

66 UNkulunkulu ufanele enze okuthize ngawo wonke umuntu oza ngaphansi kwesihlahla somjunipha, noma uzoba izicucu. Umele akwenze, uma inceku yaKhe ilele ngaphansi kwesihlahla, ngapheshеya, ingazi ukuthi imele yenzeni. Ufeze umsebenzi wayo.

U-Eliya wathi, "O Nkosi, mangife."

67 Ngike ngaba naleyomizwa emva kokuba sengiphumile emhlanganeni, futhi ngibukeka ngathi ngizamile, futhi ngashumayela, futhi nganxiba, futhi nganxusa, futhi ngabona iNgelosi kaNkulunkulu ikhuculula emhlanganweni futhi yenza izibonakaliso nezimangaliso. Futhi ngihlale emotweni ngaphandle, futhi ngibezwe bekhala, bethi, "Lokho bekungelutho kodwa isayense ephathelene nengqondo. Akukho lutho kuKho. Akukho lutho kuLokho. Konke ngumbhedo."

68 O, khona-ke ngiyagaqa ngaphansi kwesihlahla somjunipha. Ngiyacabanga, "Nkosi, kungani U—kungani Ungivumele ukuba ngikwenzele ini na? Yini engenziwa na?" Kodwa sonke sishaya lezo zehlakalo. Kodwa, umusa kaJehova, encekwini yaKhe!

UNkulunkulu uyazazi izivivinyo zakho. Yazi lokhu nje, Wazi konke ngakho, ngakho Uyehla.

69 Futhi Uyazi ukuthi inceku yaKhe idinga ukuphumula, ngakho Uyayilalisa nje okwesikhashanyana; ngenkathi isalele lapho, ilinde ukuphinda ibuyele, noma ikhulekela ukuba ife. "Nkosi, obaba bami bafa, ngaphambi kwami, futhi manje thatha impilo yami. Sengenze okwanele. Ngilwe ukulwa okuhle, ngiqede ibanga." Kodwa kwakusekhona umsebenzi osamele wenziwe nokho. UNkulunkulu wayengakaqedi ngomprofethi waKhe. Wayesenomsebenzi.

70 Akunandaba ukuthi simemeza kangakanani, futhi sicabange *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, akukho okungasithatha kuze kuba uNkulunkulu useqedile ngathi. Ngijabula kakhulu ukwazi lokho.

71 Ngezinye izikhathi uzizwa sengathi, njengoba ngenza ngesinye isikhathi, ngabeka ivolovolo ekhanda lami, ukuba ngizibulale, kodwa angikwazanga ukukwenza. Ngakhumula iglavu lami, ukuba ngisibeke olayinini onamandla kagesi amakhulu lapho engangisebenza khona, kodwa angikwazanga ukukwenza. Into ethile yayisalokhu ibambile. UNkulunkulu ofanayo owayeno-Eliya, yilowo Nkulunkulu ofanayo, namhlanje! Wangibona ngaphansi kwesihlahla somjunipha. Umkami nengane belele ngaphesheya ethuneni; nobabayi wami, umfowethu, nabo nonke. Ngase ngicishe ngahamba, qobo lwami. Ngike ngalala ngaphansi kwesihlahla somjunipha. Kunzima. Futhi ngafika endaweni, ngangihanjelwe ingqondo kakhulu, ngazama ukwenza isibhamu sidubule ubuchopho bami; asikwenzanga. Niyabo? Kusenomsebenzi osamelwe wenziwe. Okuthile kumele kwenziwe. UNkulunkulu wayengakaqedi. Uyokunakekela njalo.

72 Empofu, ekhathele, inceku ekhandlekile! Wambona. Wayazi ukuthi wayekuphi.

73 Uyazi ukuthi ukuphi, kulobubusuku. Ungahle ube ngaphansi kwesihlahla somjunipha, yonke into isihambile, kodwa, khumbula, Uyazi ukuthi ukuphi. Asidingi okuningi kakhulu okokulungisa kabusha.

74 Njengowesifazane omdala ongumkhaladi wathi, ezansi eNingizimu. Wayekade enengozi; imoto yayimshayisile. Futhi kwaku. . . Yamlimaza kabi kakhulu, no—nommeli wathi, "Uyafuna ukufuna inkokhelo ngomonakalo na?"

75 Wathi, "Somthetho, umusa! Qhabo, s'thandwa." Wathi, "Nginomonakalo owanele. Ngifuna ukulungiswa okuthize."

76 Futhi ngicabanga ukuthi wawukhulumela kahle lomphakathi, nalelibandla, kulobubusuku, naleMelika ebopheleke esihogweni. Ayihlubukile; isivele ayisekho. Ayi—ayisekho emgwaqeni wayo obheke esihogweni; isivele ihlangene nesihogo. Ayilahlekile, izolahleka; isilahlekile

kakade. Ayidingeki ukufuna inkokhelo ngomonakalo; idinga ukulungiswa. Yiqiniso. Uyazi lapho ukhona. Uyazi ukuthi ulele kuphi.

77 Futhi Wathumela iNgelosi. INgelosi yamthinta, futhi waya kolala. Futhi lapho evuka, kwakukhona amaqebelengwane, noma olunye uhlobo lwamaqebelengwane, abhakiwe, ehleli eceleni kwakhe. Wayesethi, "Eliya, vuka udle." Nanko umusa kaNkulunkulu, encekwini yaKhe. Niyabo, Uyayiphumuza.

78 Niyazi, uJesu wathi, "Yizani, ningene ehlane, futhi masiphumule isikhashanyana." Abanye balababafo abacabanga ukuthi awudingeki ukuba uphumule, sithola ukuthi basha ngokushesha okukhulu, nabo. Uma bengaphumuli, bazithola behlukumezekile ndawana-thize. Ngicabanga ukuthi yilapho uMfowethu Billy Graham ekhona, kulobubusuku, ezama ukudubula ngaphezulu umaki. Lemizimba yabantu iqinile, kodwa idinga ukuphumula.

79 Khona-ke ungaphumula kancane, bese uya endaweni ethize, futhi bayokugxeka, bathi, "Bengicabanga ukuthi ubengumshumayeli. Mbukeni, phandle ngaphesheya osebeni, edoba," noma into enjalo. Kodwa lokho akunandaba. UJehova uzomnakekela owaKhe uQobo.

80 Futhi ngenkathi esalele lapho, ngaphansi kwesihlahla, ekhandlekile futhi ediniwe, uNkulunkulu wathulisa imizwa yakhe. Wamondla. Wamvusa futhi, waphinde wamondla futhi, wambuyisela ukuba alale.

81 Niyazi, bengilokhu ngizibuza ukuthi ngabe kwakuyini eyayikulawo maqebelengwane. Hlobo luni lwevithamini aluthola kulawo maqebelengwane na? Kodwa-ke, noma yini eyayiphakathi lapho, kwamgcina izinsuku ezingamashumi amane nobusuku obungamashumi amane. Wahamba ngamandla alawo maqebelengwane.

82 UNkulunkulu uyazi, kulobubusuku, ngidinga amanye awo. Futhi ngiqinisekile ukuthi lelibandla lidinga amanye awo. Woza ngaseceleni, uqhele ezweni, futhi masiphumule isikhashana. Asikhulume isikhashana.

83 Awunaso isikhathi sokuphumula, usho njalo. UJohn Wesley wathi, ngesinye isikhathi. Wathi, "Ngiyesaba ukuphumula. Anginaso isikhathi sokuphumula." Futhi uzithola uphukile, uma ungakuthathi lokhu kuphumula.

84 Futhi-ke siyathola, khona-ke, ukuthi wahamba izinsuku ezingamashumi amane nobusuku, noNkulunkulu wambeka, emile, noma wadonswa waphuma emgedeni. Futhi uNkulunkulu wayefuna ukuba amnake. Ngakho kwaba khona isivunguvungu esikhulu esadlulayo, futhi sadabula izintaba. Sasinamandla kakhulu saze sazamazamisa amadwala, kodwa uNkulunkulu wayengekho esiphephweni. Kwahamba ngaphambi kokuba uNkulunkulu enze. Kwase kuthi-ke nakho kufika, futhi,

ukuzamazama komhlaba okukhulu okwazamazamisa umhlaba, kodwa, nalapho, uNkulunkulu wayengekho ekuzamazameni komhlaba. Futhi kwafika umlilo, kepha uNkulunkulu wayengekho emlilweni. Kwase kufika iPhimbo elincane elihashazayo, noNkulunkulu wayesePhimbweni.

85 Futhi, mfowethu, dadewethu, kade ngisemuva emgedeni isikhathi eside ngokwanele, nawe ubukhona, futhi, ukwazi ukuthi kube nokuzamazama komhlaba okuningi okunyakazayo ngalapha, umsindo omningi nokuqophisana, nokuyaluza, nezinto ezinjalo, nemihlangano emikhulu. Kodwa ubekuphi uNkulunkulu, kukho na? Yilesosizathu ngasho lokho engakwenza kulokhu ukusa. Kuzofanele kufike into ethize ejulile kakhudlwana kunenkonzo yokuphulukisa. Kuzofanele kube nento ethize ejule kakhudlwana kunesipho sokukhuluma ngezilimi. Kuzofanele kube nento ethize ejule kakhudlwana kunomoya ovunguza ngamandla. Umoya waphuma, kodwa uNkulunkulu wayengekho kuwo. Sibe nemimoya evunguzayo enamandla, ezweni jikelele, namadlingozi, negazi ebusweni, nasezandleni, zonke izinhlobo zezibonakaliso. Kodwa ukuphi uNkulunkulu na?

86 U-Elisha walinda. Nokho, wayengumprofethi, kodwa waLilalela. Akazange aphume ukuba aqhathanise izimvuselelo nabo. Akazange aphume ukuba athole itende elikhulu ezweni. Akakaze aphume aye kwithelevishini, noma okunye nokunye, njengoba singakubiza kanjalo.

87 Konke ukuqophisana okukhulu, futhi iMelika inecala lokulalela leyomisindo. O, siyawuthanda umsindo, kodwa uNkulunkulu akekho emsindweni. Nakuba, njengokuhloniphekile nezinto, njengoba kunjalo, nokho, uNkulunkulu akekho emsindweni. Uma lokho bekungaba njalo, lapho abase-Afrika beshaya ama-tom-tom, awuzange uzwe umsindo onjalo nesigqi. UNkulunkulu wayengekho kuwo. Futhi sike saba nemimoya enamandla. Sibe nezinhlobo zonke zomlilo, nokuzamazama komhlaba, nokuqhaqhazela, nezimvuselelo ezinkulu, nezinto ezinjalo. UNkulunkulu wayengekho kukho. Ukube kwakukade kunjalo, kwakuyozibonakalisa.

88 Kodwa, ngemuva kwalokho, kufika iPhimbo elincane elihashazayo, khona-ke uNkulunkulu wayesePhimbweni.

89 Yilokho engikucabangayo namhlanje, bangani. Thina bantu kakhulu si—kakhulu sithatheka ngayo yonke imisindo. Ngakho, iMelika ithanda umsindo. Bheka ukuthi benzani. Bavula lemisakazo emidala, kakhulu ngakho konke abangakwenza, ngomculo wokuzibinya, ne-boogie-woogie, lonke lolohlobo lwento. Bafanele babe nakho kakhulu kakhulu, kuyoqhumisa untwentwesi lwendlebe, cishe, wonke umsindo, ngaso sonke isikhathi sosuku.

90 Futhi ebandleni, sishaya amathambolini, sigijime sehla senyuka, futhi samemeza futhi sampompoloza, futhi sakhala, futhi saba nesikhathi esimnandi njengaleso. Akukho okumelene nakho, kodwa wayekuphi uNkulunkulu kukho na? Kwenzani na? Kusisakaze saba yizicucu, okuthiwa yi-Assemblies of God, ichurch of God, iPentecostal United Oneness, onke lamanye amahlelo amancane ehlukene. UNkulunkulu wayengekho kukho. Ngumanduleli kaNkulunkulu. Uhlaka.

91 Uma ubona okubizwa ngobuKristu namhlanje, abantu abaya emabandleni futhi—futhi baphile lokhu kuphila okuhloniphekile, futhi baphume futhi baphike ukuphulukiswa, futhi baphike aMandla kaNkulunkulu, futhi baphike impilo engcwele, benibize nge “zinhlanya,” khumbula, lolo uhlaka. Lokho yi. . .Mfowethu Wood, ngikholwa ukuthi ukubiza ngokuthi umsebenzi wesikhafula. Kuyinto mbumbulu. Kuyinto ewuhlaka oluya ngaphandle. UNkulunkulu kuphela uma phezu kwalo, ukwakha isakhiwo. Udumo kuNkulunkulu! Uhlaka mbumbulu kuphela oluyodatshulelwa phansi.

92 Sishaye izandla, sase sithi, “Udumo kuNkulunkulu! Uma umemeza, uWutholile.” IMethodisti isho lokho, amaNazarene. Bathola ukuthi babengenaWo.

93 IPentecostal yathi, “Shaya izandla zakho futhi umemeze, uze ukhulume ngezilimi. UWutholile.” Kodwa sathola ukuthi sasingenaWo.

94 Kunento eyodwa esele. “Futhi, Nkulunkulu, ngiyise emgedeni lapho engingaWuthola khona.” Asithole leloPhimbo elincane elihashazayo, leyoNto efaka ukhilimu empilweni. Lokho Okuthize, ukuthi, “Noma ukhuluma ngezilimi zabantu nezeziNgelosi, futhi ungenawo Lowo, awuyilutho. Noma ungaprofetha futhi ukhuluma ngezilimi, futhi uveze izibonakaliso nezimangaliso, futhi wenze izimangaliso futhi wenze izibonakaliso ezinkulu, kodwa, uma leyo elincane, iPhimbo elincane elihashazayo lingekho phakathi lapho, awuyilutho,” kusho umBhalo. Yilokho esikulalele manje.

95 Sibe nemidumo. Sibe nomlilo. Sibe nemimoya evunguzayo nokuzamazama komhlaba. Kodwa, “UNkulunkulu, usithumelele iPhimbo elincane elihashazayo.” Yilokho esikudingayo. Lalela, mfowethu. Sidinga leloPhimbo elincane elihashazayo, iPhimbo elincane elihashazayo elakhuluma.

96 UJesu. Wathi, “Wawungeke ulizwe iPhimbo laKhe estaladini. AwuMzwanga ekhala.” Wayeyiphethini lethu. Mbhekeni. Waqhathaniswa, uMoya waKhe, njengejuba, ubumnene.

97 Yizinto ezinkulu eziyizinto ezithule. Benikwazi lokho, bangani na? Lalelani. Ilanga, elinikeza ukuphila emhlabeni, kuyo yonke into ephilayo, empilweni yezitshalo, impilo yesitshalo, impilo yesihlahla, noma yini okunye, kuveza

ukuphila, ilanga liyakwenza. Futhi lingadonsa amagalani ayizigidi amanzi emhlabeni, futhi lenze umsindo omncane kunoma singathola ibhakede eligcwele eliphuma ephampini. Niyabo? Yizinto ezinkulu. Izinto ezithule izinto ezinkulu. Wake wawuzwa umhlaba uphenduka na? Wake wayizwa imihlaba lapho idlula ekujikelezeni na? Uke uwuzwe owodwa na? Leyo yizinto ezinkulu. Wake wakuzwa ukuphuma kwelanga na?

98 O, sicabanga ukuthi sifanele sibe nomsindo omningi, sifanele sibe nebhendi yamacilongo, ukushaya, ukugxuma okuningi phansi naphezulu, noma asinawo umhlangano omuhle. Sicabanga ukuthi wonke umuntu ufanele abe phezulu, bashaya izandla zabo nezinto. Sicabanga ukuthi umculo ufanele uhambe ngesigqi, futhi wonke umuntu egijima ehla enyuka nezikhala zezihlalo. Sibe nalokho. Kusize ngani na? Kukuphi na? Kusibeke kuphi namhlanje na? Enqwabeni yokudideka, enqwabeni yamahlelo; saphuka, ubuzalwane bonakala. Impela, kwenzile. Bekuyinkumbi endala, nesibotho, na—nazo zonke izinhlobo zezimbungulu ezivela emuva lapho ekuqaleni. NoJobe wabona, noma . . . uJoweli wakubona. "Okushiywe yisibotho, kudliwe yinkumbi; nokudliwe yinkumbi, kudliwe yisikhonyane," nokunye nokunye, kuze kube sesikudle phansi esiqwini.

99 Kodwa umBhalo uthi, "Ngiyakubuyisela, kusho iNkosi." Silindele okuthize.

100 Kukho konke ukumemeza, sithole ukuqhuma okwanele nomsindo uku—ukuguqula umhlaba wonke. Sithole uwule owanele nokumpompoloza nokuqhubeka. Kuze kube, kwenzeni na? Akulakhanga iBandla. Kwakhe amahlelo. Kwenze amadoda aphume ngemibono ekhukhumele namayembe ashwabene. Angiyithandi leyonto. Uphuma emsamo, uthi, "O, mbukeni. Uyinkosana. Bukani ukuthi ugqoke kanjani, nje upholishekile nakho konke. Uyakwazi ukwenza onkamisa, nokunye nokunye." Lokho akusikho uNkulunkulu akukhethayo.

101 Umprofethi wacabanga lokho, ngelinye ilanga. Wayezoya kogcoba inceku. Wathi, "Ungomkhulu kunabo bonke emndenini. Uzobukeka kahle." Kodwa uNkulunkulu wamenqaba.

102 Akudingeki ukuba ube namakhosana, no—nokunye nokunye, ukuba ume lapho njengokuthi angazi ukuthini. Akusizo izingubo ozigqokayo, noma ubuqhalaqhala okhuluma ngabo. YiNto ethize engaphakathi kwakho, leloPhimbo likaNkulunkulu. Yilokho okuyikho.

103 Umprofethi wedlulwa ngomunye, wathi, "Akusuye lowo. UNkulunkulu umenqabile." Kwedlula omunye. Wathi, "Awunaye omunye na?"

104 Wathi, "Sinomncane, omdala obomvana, emuva lapha egqumeni, owelusa izimvu." KwakuguDavide.

105 Ngenkathi beletha lena encane, enekhandla elibomvu, umfo onobuso obucacile ngapesheya lapho, nawakhe

amancane, amahlombe aqhothile, ezisonge ngesikhumba semvu, uNkulunkulu wathi, "Nguye lowo."

106 Zonke izithombe zakho ezinkulu namayembe ashwabene awahambanga noNkulunkulu. Ungahle ube ne D.D.D., iPh.D., noma o L. abaphindwe kabili no D. Ungahle ube ngumbhishobhi, uphapha, noma ngabe yini ongahle ube yiyo. Kodwa kuthatha uNkulunkulu ukwenza okuthile kokungelutho. Inqobo nje uma ungebe lutho, uNkulunkulu ungoKuthize. Inqobo nje uma ungazidedisa uphume endleleni, khona-ke uNkulunkulu angangena. Kodwa uma uminyanisekile kakhulu futhi unesitashi, uze ube mkhulu kunakho konke nokungcono kunakho konke, awukabi nalutho ofanele ube nalo: leyo inhliziyo ethobekile phambi kukaNkulunkulu. Futhi siyakwazi lokho, bazalwane. Ngokuqinisekile. Yebo.

107 Awukaze ubone, noma. . .uzwe ilanga liphuma. Awukaze ukuzwe lokho. Wake waphuma, ebusuku, ukuba uzwe amazolo ewa na? Yini ebesingayenza ngaphandle kwakho na? Niyabo, akuthathi lokho.

108 Ngizonitshela into eyodwa manje. Kuseyilokhu. . .Akusiwo amanzi axokozelayo enza umsindo omkhulu kakhulu, futhi agxume phansi naphezulu, abonisa ubuhle bezinkanyezi, kuwo. Yichibi elincane elijulile futhi elinganyakazi, elibonisa ubuhle bezinkanyezi.

109 Esikudingayo, kulobubusuku, yileso esijulile, isehlo esicebile, leyoNto ethize phansi kithi. A—akudingeki ukuba kumemeze, nakuba kungenzeka. Kodwa sigcizelela ngakho konke ekumemezeni kwethu. Kungahle kungakhulumi neze ngezilimi, nakuba kungenzeka. Kodwa sigcizelela ngakho konke kulokho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

110 Kungahle ukuba akuthamelanga umhlangano kaBilly Graham, umhlangano ka-Oral Roberts, noma umhlangano wami. Awudingeki ukuba ukwenze. Okufanele kube nakho yilezo zinjulo zoThando lukaNkulunkulu oluPhakade. LowoMoya ngaphakathi kuye, okwenza ube yilokho oyikho.

111 Yilokho engangikhuluma ngakho, kulokhu ukusa. Yilokho ebengikudonsa, iBandla ngapheseya kwaseKalvari, emuva naphambili. Ungacabangi ukuthi ngoba ukhulume ngezilimi, noma ukuthi wazi okuningi kakhulu ngemiBhalo, noma ufunda izincwadi zomunye umuntu, futhi wazi ngaphezu komunye umfo. Wathi, "Beka uphawu labo ababubulayo futhi bakhalele izinengiso ezenziwe emzini." Ubani obengaMbeka uphawu emadolobheni akithi, kulobubusuku na? Niyabo, yizinjulo zoMoya, hhayi ukungajuli. Akusilo igobolondo e—esihlahleni sekinati esihle. Yisihlahla sekinati ngaphansi kwegobolondo. Unegobolondo elikhulu elingenalutho. Awunalutho ngaphansi kwalapho. Esikudingayo, kulobubusuku, yizinjulo zothando lukaNkulunkulu.

112 Futhi ngenkathi u-Eliya ezwa leloPhimbo elincane elihashazayo, akukho okwamkhathazayo.

113 Uzweni kukho konke kwakho na? Uzobe uhamba, ezinsukwini ezimbalwa. Namuzwa uBilly Graham. Uzomuzwa u-Oral Roberts. Uzobezwa abanye, amadoda amakhulu. Akukho lutho olumelene nalawo madoda; ayizinceku zikaNkulunkulu. Kodwa ungawulaleli umsindo. Yizwa leloPhimbo elincane elihashazayo, lezozinjulo zeNto ethize engena enhliziyweni yomuntu, ekhipha bonke ubuwula kuwe. Ikhipha lonke izwe kuwe. Ikwenza uzonde izinto zezwe futhi uthande izinto zikaNkulunkulu. Lezo izinjulo, lelo yichibi elibonisa izinkanyezi zenkazimulo kaNkulunkulu yaPhakade. Yilokho okuveza izinyembezi emehlweni, kulethe injabulo engakhulumekiyo, negcwele inkazimulo. Ikwenza ume lapho zonke ezinye izinto ziyokwehlulekisa. Kwenza . . . Uma kufika ukugula, noma ngisho ukufa qobo lwakho, kusenesiboniso sezibusiso zikaNkulunkulu kulo; lelochibi elincane elijulile, futhi libonisa amazulu, hhayi ukuxokozela nomsindo wamanzi. Amanzi axokozelayo awajulile kakhulu. Ngamanzi amile ahamba ekujuleni.

114 Kwangathi uNkulunkulu angasisiza, kulobubusuku, bangani, njengoba siza etafuleni lesidlo, ukukhumbula lokho; kungakhathaleki ukuthi yikuphi okwangaphandle esikwenzayo, zingaki izinto ezinhle esizenzayo.

115 Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, ngiya enkonzweni. Ngizama ukuphila kangcono kunakho konke engingakwazi." Kuhle. Akukho lutho olumelene nalokho, mfowethu. "Ngikhulume ngezilimi, Mfowethu Branham. Ngimemeze eMoyeni." Lokho kuhle. Kodwa lokho akusikho engikhuluma ngakho, mfowethu. Lokho kuselokhu kungesikho. Lokho akusikho engikhuluma ngakho.

116 Ngikhuluma ngaleloPhimbo elincane elihashazayo, leyoNto ethize ecebile neyasebukhosini. Ukuthi, ngangivame ukubona omama abadala lapho behla ngalezizikhala zezihlalo lapha, eminyakeni edlule, izinyembezi zigobhoza ezihlathini zabo, lapho umfana oyedwa oyisoni esukuma, ukuba eze e-altare.

117 Namhlanje, ngiyabiza, futhi ngibona umfana eza, bayahlala futhi baqhumise ushingamu wabo. Yini indaba na? Ulahlekelwe ukuzwa kwalokho na?

118 Uzweni na? Uzwani na? Sisesikhathi sokuphela.

119 Uzwa kwithelevishini, nasemsakazweni, kwiphephabhuku lakho, emaphepheni akho, ukuthi kuzoba nokuvunguza kulo lonke lelizwe ngelinye ilanga. Ulalele ini, ukuzwa lelo-alamu lonke, umsakazo wakho uvuliwe, usuku lonke gulukunqu, nawo wonke lowo mbhedo oqhubekayo, ukuzwa ukuthi izinhlamvu zizoqathazwa nini, noma amabhomu na? Angiyilaleli leyonto. [UMfowethu Branham ushaya izandla zakhe kanye—Umhl.]

120 Ngilalele ukuba ngizwe iPhimbo lithi, "Yenyukela phezudlwana. Wenza kahle, nceku yaMi enhle nenceku ethembekile."

121 Uzwa ini na? Niyazi, ngicabanga ukuthi sinokukhathalela kakhulu ekulalelisiseni kakhulu zonke izinto zezwe, nezinto ezifana naleyo, asikwazi ukuzwa lelo elincane, iPhimbo elincane elihashazayo.

122 Sizwa abelusi bethu bethi, "Vele ujoyine ibandla, kuzobe sekulungile." Sizwa abanye babo bethi, "Vele ukhulume ngezilimi, konke sekuphelile." Abanye babo bathi, "Vele umemeze, konke sekuphelile."

123 Awukwazi ukuzwa lelo elincane, iPhimbo elincane elihashazayo elibeka iNto ethize ecebile nejulile empilweni, ekwenza lokho ofanele ube yikho.

124 Ukolo awuwutheli ukolo ngoba usemvinini noma ohlangeni. Ukhula nalo lusohlangeni. Kodwa kuthatha ukuphila kulowo mvini ukuze uveze ukolo. Amanzi awela phezu kwawo azonisela kokubili. Kokubili kuzothokoza kuwo. Bobabili bazokhula ngawo.

125 Abesilisa nabesifazane bangakhula, bememeze futhi badumise uNkulunkulu, bakhulume ngezilimi futhi bebe ngabebandla, ukusina eMoyeni nokukhokha izishumi, futhi besalokho bengenjalo, enhliziyweni yabo, futhi leloPhimbo elincane elihashazayo likaNkulunkulu elicebile, uthando olujulile.

126 "Noma nginikela ngomzimba wami ukuba ushiswe njengomhlatshelo wokushiswa, futhi ngingenalo uthando, angiyinto yalutho. Noma nginikela ngazo zonke izimpahla zami ukuba ngondle abampofu, ngiselokhu ngingento yalutho. Nginokukholwa okunyakazisa intaba, ngiselokhu ngingento yalutho. Ngi—ngi—ngiyakhuluma ngezilimi, njengabantu neziNgelosi, ngiselokhu ngingento yalutho." Niyabo? YileloPhimbo elincane elihashazayo elikhuluma phansi enhliziyweni yakho, eliguqula zonke izimo zengqondo, okwenza imvelo yehluke, futhi uba yisidalwa esisha kuKristu.

127 Yini oyizwayo na? Kuncike kulokho okulalelayo, mngani. Uma ulalele lapha . . . Kungekho kuphamula; kungekho kubonisa. Kodwa uma ulalele, ukuzwa ngemvuselelo enkulu ndawana-thize, lapho izinkulungwane eziyishumi zabantu zibuthene khona, qhubeka; ulalele into engesiyo. "Ngizowela bese ngibona. Bathi banesixulu esikhulu kakhulu." Lokho akwenzi nomci umehluko. Imizila yomjaho inakho lokho. Konke okunye kunakho lokho. Umculo wokuzibinya unakho lokho.

"Ngiyawela uku . . . Ngiyawela ngenxa yenye into ethize."

128 Uma uyela noma yini enye ngaphandle . . . Uma ulalele noma yini enye ngaphandle kwaleloPhimbo elincane elihashazayo,

buyela emgedeni. Buyela ngaphansi kwesihlahla somjunipha, size sikwazi ukulungiselela. Zibambe uthule, bese ulinda. Yeka ukuduma kwedlule. Yeka ukuzamazama komhlaba kuzamazame. Yeka imimoya evunguzayo ihambe, nomlilo ushanyele, noma ngabe ini okuzokwenza. Ngicabanga ngaleloculo:

> Ngifundise, Nkosi, ukuba kulindwa kanjani lapho izinhliziyo zivutha,
> Mangithobise impakamo yami, ngibize iGama laKho;
> Gcina ukholo lwami luvuselelwe, amehlo ami ekuWe,
> Mangibe kulo mhlaba lokho Ofuna ukuba ngibe yikho.

Yilokho engifuna ukukwenza.

> Labo abalida eNkosini, bayakuhlumelelisa amandla amasha,
> Bayakunyuka intaba ngamaphiko njengokhozi,

Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

> Bayakugijima bengakhathali, bayakuhamba bengapheli amandla;
> Ngifundise, Nkosi, ngifundise, Nkosi, indlela yokulinda.

129 Yekela ukuduma kuhambe. Yekela umlilo ushanyele udlule. Kodwa mangizwe leloPhimbo elincane elihashazayo, lithi, "Wozani kiMi, nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo. Phumani ngaphansi kwesihlahla somjunipha. Phumani emigedeni yenu."

130 Ngifuna ukumboza ukholo lwami, ngibheke iGazi laKhe, ngihamba ngiqhubeka futhi ngithi, "Yebo, Nkosi. Manje ngiyakholwa."

Asikhuleke.

131 O Nkosi, Mdali wamazulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okungunaphakade, nomnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, yiba nomusa kithi, Nkosi. Manje simi ekudingeni ukuzwa. Amaphimbo ethu, Nkosi, asephumile.

132 Futhi manje sesizwe amaphimbo amaningi kakhulu. Kunokuningi okuthi, "Welela lapha ku*leli*bandla. Uma uzojoyina ibandla lethu! Sineqembu elihle kunawo wonke edolobheni, abantu abagqoke ukwedlula bonke. Imeya yedolobha iphuma iya endaweni yethu."

133 Nabantu abaningi, emihlanganweni yabo, Nkosi, banababusi, nokunye nokunye, ukuphuma nokukhuluma. O Nkulunkulu, kuqhelise kimi, Nkosi. Ngifihle emgedeni futhi ungivumele ngilinde, Nkosi. Nginandabani ngokushiwo

umbusi na? Ngifuna ukuzwa leloPhimbo elincane elihashazayo loMsindisi wami. O, ngisize ukuba ngilinde, Nkosi, futhi ukuba ngivuselele amandla ami ngisalinde kuWe.

134 Futhi siza lelibandla, Nkosi, ukuthi bazolinda kuWe, futhi uvuselele ukholo lwabo, futhi uvuselela amandla abo, benyuke intaba njengamaphiko ezinkozi. Kwangathi bangalalela, Nkosi, kungesiwo umsindo, kungesikho ukumemeza, kodwa balalele iPhimbo elincane elihashazayo.

135 Nkosi, ezinsukwini ezimbalwa, ngikhwela emgedeni ngaphesheya, ukuba ngilinde. O Nkulunkulu, ngisize, Nkosi. Ngiphuphuthekise, futhi wenze izindlebe zami zibe yisithulu, ezintweni zezwe, ekuthandweni ngabantu, noma odumweni, noma kunoma yini ukuthi lelizwe lingayinikezela. Mangihlale lapho, Nkosi, ngize ngizwe leloPhimbo elincane elihashazayo. Khona-ke inceku yaKho mayiphume, Nkosi, yenyuka intaba, emaphikweni oKhozi. Siphe khona, Nkosi.

136 Busisa lelibandla elincane. Busisa uMfowethu Neville. Susa lokho kugula esiswini sakhe, Nkosi, futhi ukulahlele kude naye. Mfake emahhanisini, Nkosi, futhi umbuyise emuva lapha, esehlunyelelisiwe. "Bayohlumelelisa amandla abo." Siphe khona, Nkosi.

137 Sithethelele izono zethu. Siza etafuleni lesidlo manje, Nkosi. Wena wathi, "Odla futhi aphuze lokhu ngokungafanele, uzidlela futhi aziphuzele icala, uma engawahlukanisi umzimba weNkosi." Sisize, Nkosi, ukuba sihlole imiphefumulo yethu, izinhliziyo zethu. Futhi sivivinye futhi ubone uma kunento engcolile ngathi. Uma ikhona, sithethelele, O Nkulunkulu, njengoba silinde ngokuthobeka phezu kwaKho. Sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

> Ngifundise, Nkosi, ukuba ngilinde, ngiquqe ngamadolo ami,
> Futhi ngesikhathi saKho uQobo esihle Uzophendula ukunxusa kwami. (Kunjalo.)
> Ngifundise ukungathembeli kulokho abanye abakwenzayo,
> Kodwa ngilinde ngomkhuleko impendulo evela kuWe.

138 Yilokho engikufunayo, impendulo evela eZulwini. Ngifuna ukuzwa iPhimbo laKhe; hhayi iphimbo lemenenja, hhayi iphimbo likameya, hhayi iphimbo lombusi, hhayi iphimbo lombhishobhi. Ngifuna ukuzwa iPhimbo laKho, Nkosi. Lobo bumnene nokuzotha kukaMoya oNgcwele ukhuluma enhliziyweni yami, "Wozani kiMi, nonke nina enikhatheleyo nenisindwayo." Yebo, Nkosi, silele ngaphansi kwesihlahla somjunipha manje. Silindile, sibona ukuthi Uzothini.

139 INkosi inibusisile, ngamunye, manje. Bangaki abafuna ukukhunjulwa emkhulekweni na? Asikubone uphakamisa

isandla sakho. Yithi, "Nkosi, ngifundise ukulinda. Ngifundise. A—a—angikhohlwe yikho konke ukuphakama kwami. Lapho abanye bedlula, benza izinto ezinkulu njengalena, mangithobise impakamo yami, nje ngibize iGama laKho. Ngifundise ukungethembeli kulokho abanye abakwenzayo, kepha nje ngilindele emkhulekweni impendulo evela kuWe."

140 Njengoba kwenza u-Eliya. Walinda emuva lapho. Wezwa ukuduma. Wezwa umbani. Wezwa ukuqhekezeka kwamadwala. Wezwa umlilo. Wezwa umoya. Kodwa lokho akusikho ayekubhekile. Akum'nyakazisanga ngisho umprofethi. Wakuyeka kwedlula. Kodwa ngenkathi leloPhimbo elincane elihashazayo, wathabatha isiphuku sakhe wazimboza ngaso ebusweni bakhe, wase eya ekupheleni komgede. NeNkosi yathi, "Hamba, ume phezu kwedwala ezansi lapho."

Yilokho engifuna ukukuzwa, "Yima edwaleni." Kulungile.

141 Sekuyisikhathi manje sesidlo. INkosi inibusise. Ngiyacabanga, okokuqala, ngaphambi kokuba senze lokhu, sifuna ukunikela ngomkhuleko kulowo nalowo phakathi lapha ophakamise izandla zabo, ukuthi bebemfuna ngempela uNkulunkulu ukuba akhulume kubo. Ngabe ukhona noma ubani kini lapha ongaphansi kwesihlahla somjunipha, kulobubusuku na? Phakamisa isandla sakho. Impela. Impela, sinjalo. Abaningi benu lapha usemgedeni, elindile.

142 Nibone zonke lezizinto zidlula. Nizwe izimvuselelo ezinkulu zikaBilly Graham, zika-Oral Roberts, eyami uqobo, kuyo yonke indawo, uTommy Osborn, uTommy Hicks, zonke lezi ziqhubeka. Kodwa Likuphi na? Liphi leloPhimbo na?

143 Wena uthi, "Ngimemezile namaJessup. Ngi—ngisine eMoyeni namaMusical Harts. Nginazo zonke lezi ezinye izinto. Ngenze konke lokho. Kodwa iphi leyoNto ethize, Mfowethu Branham, engiputshuza ngehle futhi ibeke umthwalo kimi ngenxa yemiphefumulo elahlekile, ngize ngingakwazi nokuphumula ngenxa yayo na?"

144 Manje, lolo yilona hlobo kuphela olungenayo. Yilokho iBhayibheli elakusho. "Beka uphawu kuphela kulabo ababubulayo bekhala ngenxa yezinengiso ezenziwe emzini." O, yilapho esikudinga khona, bangani.

Asikhuleke futhi.

145 Nkosi! Ngiyacela, Nkosi! O, ngingahle ngicule kakhulu kakhulu. Ngingahle ngishumayele kakhulu kakhulu. Ngingahle ngimemeze kakhulu kakhulu. Ngingahle ngikhale kakhulu kakhulu. Kodwa angisoze ngakhuleka ngokwenele kakhulu. O Nkulunkulu, ngihlole futhi ungivivinye.

146 Bengikhuluma nje, esikhashaneni esedlule, mayelana namachibi ajulile, ukuthi azibonisa kanjani izinkanyezi; faka injulo yoMoya waKho kithi, Nkosi, njengoba uDavide

umprofethi wathi, "Ungihole ngasemanzini okuphumula," hhayi emanzini axokozelayo. Amanzi okuphumula, ngiholele lapho, Nkosi. Ngithulise. Nginokwethuka, angiphathekile wonke kahle.

147 Ngenze konke Owangitshela ukuba ngikwenze, ngokwazi kwami konke. Nginqamule izwe, emhlabeni jikelele, ngishumayela, futhi ngikhala, futhi nginxusa. Ube nokuthembeka ukuphonsela ngaphandle leso sibonakaliso sikaMesiya, ukukhombisa ukuthi nguWe, Nkosi, okwenzayo, futhi hhayi umuntu. Ngiyabonga ngalokho. Kodwa, Nkosi, ngingaphansi kwesihlahla somjunipha, kulobubusuku. Ngiyazibuza, "Kungani bengaphenduki na? Kungani leMelika ingekubone, Nkosi na?" Ngabe imizwa yayo isinqundekile na? Ngabe ibandla lihlelwe kangaka, labophana kangaka na? Futhi ngeke babambisana. Ngeke benza lutho ngaphandle kokugxeka.

148 Kodwa ngiqinisekile nje, kulobubusuku, njengoba kwakunjalo ngo-Eliya, ngaphansi kwesihlahla, Unezinkulungwane eziyisikhombisa, nokho, ezingazange zikhothame kuBali. Unabangcwele abaningi emhlabeni namhlanje, abalinde ukuFika kweNkosi.

149 O Nkosi, sihawukele. Sivivinye, futhi usifake esilinganisweni saKho sokukala. Futhi uma sibona sifunywane sifuna, O Nkosi, sihlambulule khona-ke ezonweni zethu. Futhi usenze lokho Obungafuna ukuba sibe yikho. Yipha lokho kuwo wonke ngamunye okulelibandla. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

150 Manje kuzoba isikhathi sesidlo. Sikhulekela ukuba uNkulunkulu anibusise manje. Wonke ofanele ahambe, futhi ongifuni ukuthatha isidlo, sihlangane lapha ngoLwesithathu ebusuku, sophinde sibonane futhi.

151 Ningakhohlwa ukungikhulekela. Ngizowudinga manje. Ezinsukwini ezimbalwa ezilandelayo, ngizodinga umkhuleko. Manje ningakuthathi nje kalula, kodwa ngibekeni phezu kwenhliziyo yenu futhi ningikhulekele. Ngidinga imikhuleko yenu. Nginezinqumo engimele ngizithathe ezingasho umehluko wezigidi zemiphefumulo. Kukhona okumele kwenziwe. Ngihambe ngakho konke engingakwazi, ngamandla ami uqobo. Ngi—ngizodingeka ngibe nombono ovela kuNkulunkulu, ngami uqobo. Uyongibonisa ngabanye, kodwa ngi—ngifanele ngibe nento ethize ngami uqobo. Ngiyawudinga. Ngikhulekeleni. Uyokuthumela uma nje nizokhuleka.

152 Ngigibele ngapha, namhlanje, bengibuka nxazonke. Bengiphandle ngiya endlini yakho, Mfowethu Roy. Futhi bengingafuni ukungena; bekunemoto ihlezi lapho. Ngikweleta wena noDadewethu Slaughter ukuvakasha. UMeda nami besigibele ngapha. Ngathi, "Awu, sizobuya esikhashaneni kamuva," kodwa ngabambeka futhi ngangabuyela emuva.

Sizungeza, ngigibele ngapha, emigwaqweni, ngicabanga, "O Nkulunkulu, kukhona okufanele kwenziwe. Ngifanele nje ngithole Wena ndawo ndawo."

153 Ihora liyacindezela. U—ubumnyama kuyazinza. Isikhathi sokuphela silapha, umzuzu owodwa ngaphambi kwaphakathi kwamabili. Niyabubona ubukhona besitha, ukuzamazama, umuzwa, isimo sokwethuka, ukungezwani kwezwe, futhi ungazi ukuthi lokho yimbubhiso yakho. Niyabo? O, he! Asikhuphuke intaba ngamaphiko njengokhozi, manje, sindizele ezingalweni zaKhe onguye izolo, namuhla, naphakade.

154 Manje, wonke lowo okufuna ukuhlalela isidlo, sizojabula ukuba nawe kulesisikhathi senhlanganyelo.

155 Manje, thatha abaseKorinte bokuQala, ngiyakholwa, isahluko 11, lapho. Ngizodingeka ngikufunde khona manje, khona-ke, Mfowethu Neville, uma uthanda. [UMfowethu Neville ufunda kwabaseKorinte bokuQala 11:23-32.—Umhl.]

> *Ngokuba mina ngakwamukela eNkosini lokho nenganinika khona, Ukuthi iNkosi uJesu ngalobo busuku akhashelwa ngabo wathabatha isinkwa:*
>
> *Wabonga, wasihlephula, wathi, Thabatha, udle: lokhu kungumzimba wami, ohleshulelwe nina: lokhu kwenzeni ukuba ningikhumbule.*
>
> *Kanjalo wathabatha nesitsha, emva kokudla kwakusihlwa, wathi, Lesi sitsha siyisivumelwano esisha egazini lami: lokhu kwenzeni, ngezikhathi zonke enisiphuza ngazo, ukuba ningikhumbule.*
>
> *Ngokuba njalo nxa nidla lesi sinkwa, niphuza lesi sitsha, nimemezela ukufa kweNkosi ize ifike.*
>
> *Ngakho-ke lowo odla lesi sinkwa, aphuze lesi sitsha seNkosi, ngokungafanele, unecala lomzimba negazi leNkosi.*
>
> *Kodwa umuntu akazihlolisise, khona-ke akadle lesi sinkwa, aphuze lesi sitsha.*
>
> *Ngokuba odlayo aphuze ngokungafanele, uzidlela aziphuzele icala, uma engawahlukanisi umzimba weNkosi.*
>
> *Ngenxa yalokho baningi phakathi kwenu ababuthakathaka nabagulayo, nabaningana balele.*
>
> *Kepha uma besizahlulela thina, besingayikwahlulelwa.*
>
> *Kepha nxa sahlulelwa, siyalaywa yiNkosi, ukuze singalahlwa kanye nezwe.*

156 Lokho akudingi kuchazwa. Yilokhu nje, "Uma sidla futhi siphuza ngokungafanelekile, sizidlela futhi siziphuzele icala, ngokungawahlukanisi umzimba weNkosi. Ngenxa yalokhu

abaningi babuthakathaka futhi bayagula phakathi kwenu, nabaningi bafile," niyabo, uma siza ukuzothatha isidlo.

157 Wonke umKristu ufanele athathe isidlo. Kungumsebenzi wakho. Kungelamanqamu. Niyabo? UJesu wathi, "Uma ungasithathi, awunanhlanganyelo naMi." Niyabo?

158 "Kodwa lowo odla aphuze ngokungafanele, uzidlela futhi aziphuzele icala." Okusho ukuthi, uma usengaphandle nezwe, futhi wenza izinto zezwe, futhi abantu bakubone uthatha isidlo, wenza okungalungile. Kuphela uzilethela ihlazo. Futhi kuyokulimaza kuphela. Akusikho ukuthi kuyolimaza uNkulunkulu. Kuzolimaza wena. Futhi ngakho umuntu ufanele bazihlole bona uqobo.

159 Futhi ngaphambi kokuba sisondele emzuzwini ongcwele, cela uNkulunkulu ukuba ahlole impilo yami. Futhi uma ngenze noma yini engalungile, ngithethelele ngakho. A—angiqondile ukukwenza. Ngizokulungisa uma Ezongembulela khona. Futhi ngizocela into efanayo ngawe. Wathi, "Uma nihlangana, anibo lindana omunye nomunye." Lokho ngukuthi, "Lindanani, futhi nikhulekelane."

160 Sifuna ukuthatha lesisidlo. Futhi uma singakwenzi, asinanhlanganyelo naYe. Yilokho Akushoyo. Okokuqala... Noma, uJohane oNgcwele, isahluko 6.

161 Manje, asikhuleke. Ngikhulekeleni, buthule, ngenkathi ngisanikhulekela.

162 [UMfowethu Branham ukhuleka ngokuthula, njengoba nebandla likhuleka ngokuthula—Umhl.] Ngikhulekela ukuthi Uzosithethelela, ngokukholwa. Vumela uMoya waKho, O Nkulunkulu, ufike. Ngikhulekela ukuthi Uzosithethelela ngazo zonke iziphambeko zethu kubantu. Thethelela.

163 O Nkosi, yizwa umkhuleko wethu. Lona umkhuleko wethu wokuthethelelwa, Nkosi. Sikhulekela intethelelo. Sikhulekela umusa. Sithethelele, Nkosi. Njengalokhu kulotshiwe eZwini laKho, "Usithethelele iziphambeko zethu, njengalokhu sibathethelela abasonayo. Futhi ungasiholeli ekulingweni, kepha usikhulule kokubi. Ngokuba umbuso ungowaKho, namandla, nenkazimulo, kuze kube phakade. Amen."

Ngikholwa ukuthi ninokuningi kakhulu...

